HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKAJUNI 2021

ISIZULU ULIMI LOKUNGEZELELA (FAL)

IBANGA LESISHAGALOMBILI (GRADE 8)

IPHEPHA LESIBILI (PAPER II)

ISIKHATHI: 2 AMAHORA AMAMAKI:60

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

- Fundisisa **LONKE** iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- Bhala izinombolo zemibuzo njengoba zibhaliwe ephepheni UNGAZIXOVI.
- **QALA** ikhasi **ELISHA** njalo uma uqala umbuzo omusha.
- Ubhala umsebenzi **OHLANZEKILE.**
- Bhala isiZulu esivumelekile.
- QAPHELA isikhathi njalo ukuze uqede kahle ukubhala.
- **Phinda ULIFUNDISISE** iphepha uma uqeda ukubhala

## OKUHLE KODWA!!!!!

ISIQEPHU A

UMBUZO 1


ISIFUNDO SOKUQONDISISA

1. Fundisisa iseqephu osinikeziwe bese uphendula imibuzo ngemisho **EPHELELE.**

**IMFUYO EMIGWAQWENI**

Imfuyo yinto enhle futhi ingumnotho emndenini eminingi. Uma ungumnikazi wayo akumele uyiyeke ibe uvanzi emgwaqweni. Lokhu kudala izinkinga kubantu abasebenzisa umgwaqo namacala kumnikazi wayo.

UYaziwe Goba uhlala elokishini laseMlaza nomndeni wakhe. Uhamba ngesihlalo esinamasondo ngenxa yengozi yemfuyo eyabehlela. Nokho udokotela wathembisa ukuthi kuzosisebenzisa isikhashana. Uhanjiswa alandwe umama noma ubaba esikoleni. Esikoleni ufundela eklasini eliphansi ngoba asizinyuki izitebhisi isihlalo.





Kwakuwusuku olumnandi emndenini wakwaGoba wonke, wesese, ngob wawuzothatha uhambo lwaseMthatha kubo kamama. Lwafika usuku abantwana sebelubheke ngamehlo abomvu. UYaziwe unomfowabo omdala uLimnandi, nodadewabo onguthunjana uNhlomulo. Kubo kamama kwakuyobungazwa usuku lokuzalwa lukagogo owayehlanganisa iminyaka engamashumi ayisikhombisa. Abazali balala bebatshelile abantwana ukuthi lwaluzoqala ngovivi lolu hambo. Babenzela ukuhamba kusathule emgwaqweni, kanti ababuzanga elangeni.

Ekuseni yashosholoza njalo imoto ihamba ngejubane elisemthethweni. Yathi uma idlula e-Kokstad, yaqala inkinga yemfuyo. Babelele ubuthongo zwi abantwana kungumama kuphela obhekile. Wayesibambile isivinini ubaba kepha imfuyo igcwele umgwaqo. Yathi uma idonsela kuQumbu bazithela kwenye imfuyo futhi. Kwaqhamuka inkomo igijima izonqamula umgwaqo la ngakubaba. Wathi uyayibamba imoto yaphunyuka yayoyithi khalakatha ngale komgwaqo. Umsindo wobugodlogodlo bokushayisa inkomo wavusa ababelele.

Ngenhlanhla kwakukhona imoto eyayibalandela eduzane. Bayimisa masinyane laba ababekuyo baphuthuma ukuyosiza. Ngokushesha babiza amaphoyisa ne-ambulansi abatheleka ngokuphazima kweso. Bahanjiswa esibhedlela bonke ababesemotweni. Esibhedlela kwatholakala ukuthi uYaziwe kuphela owayelimele kunabanye. Wasala walaliswa yena.

Akawubonanga umcimbi kagogo ngamehlo uYaziwe kodwa, bamphathela izithombe ababezithatha bamkhombisa khona esibhedlela. Umndeni kaYaziwe mhlazane uhamba wadlula wavalelisa ngoba wayesazosala esibhedlela isikhashana. Emva kwamasonto amathathu basuka eThekwini obaba nomama bayomlanda eMthatha.

IMIBUZO

1.1 Umndeni wakwabani lo okuxoxwa ngawo lapha endaben (1)

1.2 Uya kuphi lo mndeni njengoba uhamba nje? (1)

1.3 Umndeni wakwaGoba ungumndeni wabantu abangaki sebehlangene bonke? Bhala impendulo yakho ngamagama esiZulu? (2)

1.4 Abazali bakaYaziwe bahambelani ekuseni kakhulu ngalolu suku? (2)

1.5 Kungani uYaziwe efundela eklasini eliphansi esikoleni? (2)

1.6 Umnikazi wemfuyo eyalimaza uYaziwe wamphuca kanjani amalungelo akhe okuba yingane ephilile uYaziwe.

1.7 Khetha impendulo eyodwa kulezi ozinikeziwe echaza isimo senkulumo esibhalwe ngamagama ahlukile.

1.7.1 Ukuthi abantwana *babelubheke ngamehlo abomvu* usuku lokuhamba kuchaza ukuthi:

(i) Babekhala izinyembezi amehlo ebomvu.

(ii) Babefisa ukubaleka bayobheka indawo yokuhlala.

(iii) Basebelujahile ukuthi lufike. (1)

1.7.2 Uma kuthiwa *zatheleka ngokuphazima* kweso kusho ukuthi:

(i) Zafika seziphelele zonke.

(ii) Akudlulanga sikhathi eside zafika.

(iii) Kwafika abaningi abantu laba. (1)

1.7 Asikho isidingo sokuvalela imfuyo yakho ngoba vele izilwane zikujwayele
1.8 ukuhlala endle. Bhala owakho umbono ngephuzu ELILODWA mayelana
1.9 naloku okushiwo lapha. (2)

Bhala igama lendawo **KUPHELA** lapho kwaqala khona ukuhlupha imfuyo kulolu hambo.

(i) Ise-Kokstad

(ii) Ise-Mt Frere

(iii) IseMzumkhulu (1)

1.8 Umndeni kaYaziwe wamduduza kanjani njengoba engaphumelelanga yena ukuya emcimbini kagogo wakhe. (2)

1.11 Gcwalisa imisho elandelayo ngamagama ahambelana nayo owafunde endabeni. Bhala igama **KUPHELA.**

1.11.1 UYaziwe unomfowabo omdala uLimnandi nodadewabo.........uNhlomulo. (1)

1.11.2 Wayesibambile isivinini ubaba kepha.......igcwele umgwaqo. (1)

1.11.3 Esibhedlela kwatholakala ukuthi.......owayelimele kakhulu. (1)

1.12 Phendula imibuzo elandelayo ngokuthi, IPHUTHA noma IQINISO.

1.12.1 Ingozi yakwaGoba yadalwa ukuthi ubaba wayeshayela kabi. (1)


1.12.2 Umuntu onguthunjana kubo umuntu ozalwe kuqala kunabo bonke. (1)

**ISAMBA [20]**

UMBUZO 2: Fundisisa isikhangisi esingenzansi bese uphendula imibuzo ngemisho EPHELELE.

# KWANAMBHITHA !!!!

## NGEKE USINIKE ESINGABONI!!!!!



WOZA UZODLA KWAKWANAMBITHA UNGAPHINDE ULAMBE!!!

INDAWO EPHEKA IDAYISE UKUDLA KWESINTU ENKABENI YEDOLOBHA ITHEKU!!!

- KADE WAGCINA UKUDLA UKUDLA KWESINTU NGENXA YESIKHATHI?
- UNOMCIMBI WESINTU EKHAYA KWAKHO?
- MHLAWUMBE AWUKAZE UKUNAMBITHE SELOKU WABAKHONA UKUDLA KWESINTU?

VAKASHELA KWANAMBITHA IZOPHENDULEKA YONKE IMIBUZO ZAKHO

- Uyakwazi ukufika uzodla wedwa noma nomndeni wakho.
- Ungasicela size sizokuphekela ekhaya uma unomcimbi. (Siziphathela konke)

Sivula ngehora lesi-6 ekuseni sivale ngelesi-5 ntambama phakathi nezinsuku.

NgoMgqibelo sivula ngehora lesi-6 ekuseni sivale ngehora lesi-2 ntambama.

SITHOLAKALA KANJE:

| | |
|---|---|
| 23 Magaye Road | Ngaphesheya kwaseposini elikhulu |
| Durban | wwwkwanambitha.co.za |
| 27442 | 084333445 |

Imibandela: Uyakwazi ukusishayela ucingo sikulethele ukudla lapho ukhona uma kungadlulile amakhilomitha ayi-15.

2.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi? (1)

2.2 Itholakala kuphi le ndawo ekhangiswa lapha? (1)

2.3 Sazi ngani ukuthi umuntu osuke ekhaya engadlile uyasizakala Kwanambitha? (1)

2.4 Bhala umusho OWODWA owufunde esikhangisini ongesilona iqiniso. (1)

2.5 Khetha impendulo eyodwa elungile echaza into efanayo nale ebhalwe ngokugqamile lapha ngenzansi. Bhala uphawu KUPHELE.

2.5.1 Ukuthi **ngeke usinike esingaboni** kuchaza ukuthi;

(i) Ngeke usiphe loku kudla isalukazi esingasaboni.

(ii) Ukudla kumnandi kakhulu.

(iii) Ngeke ukupheke loku kudla ekhaya lakho. (1)

2.6 Umuntu ofuna ukuzifikela mathupha ayodla kule ndawo angayithola kanjani? Bhala indlela eyodwa oyifunde esikhangisweni. (1)

2.7 AbaKwanambitha bayakulethela ukudla noma ikuphi lapho ukhona eThekwini. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho. (2)

2.8 Kwanambitha babasiza kanjani abantu abanemicimbi emakhaya abo? (2)

[10]

UMBUZO 3

**UKUFINGQA**

2. Fundisisa lesi siqeshana esingenzansi esimayelana nomsebenzi/ukubaluleka kwezimbali bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7.

IMIYALELO

1. Sebenzisa imisho **EPHELELE** ngephuzu ngalinye.
2. Amagama owasebenzisile **ANGADLULI** kwangama- **60**.
3. Sebenzisa amagama **AKHO** lapho ubhala imisho.
4. Umusho ngamunye ubenephuzu **ELILODWA.**
5. Imisho yakho yibhale **IZINOMBOLO** kusuka kowoku-**1** kuya kowesi-**7.**
6. Uma uqeda, **BALA** amagama owasebenzisile bese uwabhala ekugcineni.
   **Isibonelo:** Amagama [60]

## IMISEBENZI/UKUBALULEKA KWEZIMBALI

Izimbali ziyisipho semvelo esitholakala yonke indawo. Ziyizinhlobo eziningi kanti nemibala yazo mihle ungathi ipendiwe yase idwetshwa ngobunono. Izimbali ziwusizo ngezindlela ezahlukene kubantu, emvelweni nasezilwaneni.

Umhlaba uqhakazile ngenxa yezimbali. Emapaki nasemakhaya izimbali ziyatshalwa ukuze zihlobise uma seziqhakazile ngemibala yazo emihle. Lokhu kwenza indawo ikhombise impilo evuselelayo.

Ukudla yinto ebalulekile kubantu nasezilwaneni. Kukhona izimbali ezidliwa izinyoni, izilwane kanye nabantu, ezinika umsoco wamaprotheni kanye namavithamini. Impilo ingaphela kwezinye izilwane uma zingekho izimbali.

Izimpande namahlamvu kusetshenziselwa ukwakha imithi yokwelapha nokuvikela izifo ezahlukene. Abantu bangaphela yizifo uma izimbali zingamili. Konke okusembalini kubalulekile.

Ukuxhumana kwabantu kubalulekile. Izimbali ziyasiza ukudlulisa imiyalezo yothando, ukufisela ogulayo ukululama ngokushesha kanye nokududuzana. Imibala yezimbali yiyona edlulisa imiyalezo ehlukene. Izimbali ezibilisiwe nezomisiwe zenza izinto eziningi. Ezinye zezinto ezisetshenziselwa zona amakhandlela, insipho, amafutha, izingubo, neziqholo zomzimba. Abantu abenza imicimbi bathembela kakhulu ezimbalini. Ubuhle bezimbali bukhuphula izinga emishadweni, emingcwabeni nakweminye imicimbi enhlobonhlobo egujwayo. Yiningi imali esetshenziswa ukuthenga izimbali.

Kunezindawo ezifundisa abantu ukwenza imihlobiso yezimbali. Abantu bavula amabhizinisi okudayisa/ukuthengisa, ukuqashisa nokwenza imihlobiso yezimbali. Lokhu kungenisa imali futhi kuthuthukise namakhono emisebenzi yezandla. Kufanele sizinakekele izimbali futhi sizitshale emakhaya ethu.

[Umbhalo wokuziqambela]

Kwathula kwathi cwaka ehholo uma engena uthishanhloko. Kwaphela ukuswebeza nokunsinsitheka. Izinganyana zebanga lesi-8 ezazifika okukuqala kulesi sikole kwathi swayi. Wafika wama phambili wabingelela wonke umuntu ngesizotha. Kwavuma lonke ihholo maqede kwaphinda kwathi cwaka. Phela umnumzane lo unesithunzi ngisho engashongo lutho.

Kuyakhulekwa kulesi sikole njalo uma kuqalwa usuku olusha. Wabe esesho ukuthi sekuyisikhathi sikaqhude manikiniki phakathi komfundi nemfundo yakhe. Abazele ukuzosinisa amahleza lapha esikoleni, bazosala bemile. Wachaza nokuthi umfundi ngamunye kufanele azimimisele abhukule, anyuse amasokisi ukuze singamoseki isikhathi sakhe nezindodla zemali ezikhishwa abazali esikoleni.

IMIBUZO

4.1 Emishweni elandelayo shintsha izinombolo ubhale ibizo elihambelana kahle nomusho ngamunye. Yenza njengoba kusho **isibonelo** .Bhala ibizo elifanele bese UDWEBELA.

**ISIBONELO:** (i) Uma ungumfundi kumele uwenze njalo (3) wesikole.

(ii) Uma ungumfundi kumele uwenze <u>umsebenzi</u> wesikole.

4.1.1 Bonke (2a) kulesi sikole bayawenza umsebenzi wabo. (1)

4.1.2 Kukhona (4) eminingi abazikhethela bona ukuyidlala abafundi. (1)

4.1.3 Lesi sikole sidume (5) lonke ngemiphumela yaso emihle kwezemfundo. (1)

4.1.4 Emini kudliwa (15) okuphekwa umpheki wakhona esikoleni. (1)

**[4]**

4.2. Shintsha ibizo ngalinye elidwetshelwe lapha ngenzansi ulenze libe isabizwana soqobo. Bhala Igama **KUPHELA**.

**ISIBONELO:** (i) <u>Umfaniswano</u> wesikole izingane ziwugqoka zonke izinsuku.

(ii) Wona

4.2.1 Zonke **izifundo** ezifundwa esikoleni ziyaziwa nguhulumemi. (1)

4.2.2 Amanye **amantombazane** ayalidlala ibhola lezinyawo unobhuntshuzwayo njengabafana. (1)

4.2.3 Singena ngesikhathi esifanayo zonke izinsuku **isikole.** **(1)**

(3)

4.3. Sebenzisa isabizwana sokukhomba osinikezwe ezikokeleni ukugcwalisa izikhala ezilapha ngenzansi. **DWEBELA** umusho kanye nesabizwana.

**ISIBONELO:** (I) .......ingane ihamba nabazali njalo uma iya esikoleni. (eduze)

(ii) <u>Le ngane</u> ihamba nabazali njalo ekuseni.

4.3.1 ........isitimela siyabashiya njalo abantu ekuseni. (buqamama) (1)

4.3.2 Angizithandi........izicathulo ongilethele zona. (eduze) (1)

4.3.3 Zabuya sezigijima zonke ..........ziboshwa ezeqa ejele. (kude) (1)

[3]

4.4 Faka izinhlobo zamabizo ozinikeziwe emishweni elandelayo. Khetha kulezi ezisezikokeleni. **DWEBELA** ibizo olifakile.

**ISIBONELO:** (I) ....wetekisi uyaziqoqela imali kubantu. (Ibizomuntu)

(ii) Umshayeli wetekisi uyaziqoqela imali.

4.4.1 Njalo kumele sivule...uma sivuka ekuseni. (umfakela) (1)

4.4.2 Umama wacela...wasehhotela wazophekela umcimbi kadadewethu ekhaya. (Ibizomuntu) (1)

4.2.3 Usheshile ukuguga....wokushanele igceke. (Ibizonto)

[3]

4.5 Bhala izinciphiso zamabizo owanikeziwe lapha ngenzansi.Bhala isinciphiso **KUPHELA.**

**ISIBONELO:** (I) Uthishanhloko uphatha **induku** noma engakaze ayisebenzise.

(ii) Indukwana

4.5.1 Amantombazane agqoka **iziketi** ezimfushane uma ezodlala ibhola lomnqakiswano. (1)

4.5.2 Ukhona nalo mdlalo okungathi uciba **umkhonto** uma uwudlala. (1)

[2]

4.6 Esikhundleni samagama amamningi adwetshelwe achaza ubuhlobo, bhala igama **ELILODWA.**

4.6.1 Inkosikazi kamalume ayiyithandi inyama eyosiwe. (1)

4.6.2 Namhlanje siphelezela umfowethu omdala uyoqala umsebenzi eNgilandi. (1)

4.6.3 Besivakashele kwamalume sonke **nezingane ezizalwa odadewabo kamama** **(1)**

**(3)**

4.7 Khetha impendulo eyodwa echaza isimo senkulumo kulezi ozinikeziwe ngenzansi. Bhala uphawu **KUPHELA.**

4.7.1 Ukusinisa amahleza ngokwendatshana oyifunde ngenhla kusho:

(i) Ukudlala odoli abenziwe ngamahleza.

(ii) Ukudlala ngesikhathi ungenzi umsebenzi wakho.

(iii) Ukudlala yonke imidlalo esikoleni. (1)

4.7.2 Ukuthi **uqhude manikiniki** phakathi komfundi nemfundo yakhe.

(i) Umdlalo odlalwa ngabafundi ngamaqhude abo.

(ii) Abafundi bazohubha amaqhude esikoleni.

(iii) Umfundi uzolwela ukuphumelela ezifundweni zakhe. (1)

[20]

ISAMBA 20+10+10+20 [60]